**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI ETHULWANE ENKANDLA NGOLWESIBILI MHLAKA 03 FEBRUARY 2009**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Kule minyaka yezimali edlule isabelo mali sethu besiqondiswe ezintweni ezimbili. Besiqondiswe kwezokuphepha emgwaqeni ngoba uMnyango wezokuThutha unesibopho ngokomthethosisekelo sokuqinisekisa ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni.

- Elinye iphuzu isabelo mali sethu esigxile kulona ukwakhiwa kwengqalasizinda yemigwaqo – ukwakhiwa kwemigwaqo yasemakhaya, ukwakhiwa kwamabhuloho ezinyawo nawezimoto, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Konke lokhu sikwenza ngaphansi kuka-Operation KuShunquthuli.

- Siyazi ukuthi njengezwe, imisebenzi yethu igxile ku-2010. Kodwa njengoMnyango wezokuThutha sifuna ukuqinisekisa ukuthi ngenkathi sigxila ku-2010 nangemuva kwawo, siyaqhubeka nokuletha imigwaqo emiphakathini yasemakhaya engathintekile ngqo emisebenzini ka-2010.

- Ngakho-ke isabelo mali sethu sisiqondise ezindaweni ezinjengeNkandla, lapho abantu besahamba amabanga amade beya emitholampilo, ezibhedlela, ezikoleni nasezimpeshenini. Sithi njengohulumeni asikwazi ukuvumela isimo lapho othisha nabafundi kumele bakhumule nsuku zonke uma bewela imifula beya esikoleni.

- Indawo yaseNkandla ingenye yezindawo esifundazweni ezahlonzwa njengezidinga ukubekwa phambili ekulethweni kwezidingo ngenxa yezinga eliphezulu lobubha nokuntuleka kwemisebenzi.

- Yingakho uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ufake imali ebalelwa ku-R1,9 billion ukubhekana nezinselelo zengqalasizinda kulesi Funda soThungulu iNkandla engaphansi kwaso.

- Imisebenzi yethu ihlanganisa ukwakhiwa kuka-P240, P230, P15, P50, P499/P494, P496 – John Ross Highway, P218 no-P568 phakathi kweminye.

- Namhlanje siphendula isoyi lokwakhiwa komgwaqo nebhuloho okuzokudla uR37,5 million. Umgwaqo ongu-11 km ubude uzokwakhiwa ngo-R7,5 million bese kuthi ibhuloho lakhiwe ngo-R30 million.

- Umsebenzi wokwakha uzodala amathuba emisebenzi kubantu bendawo kungene nemali endaweni. Lokhu kwenziwa nguhulumeni osebenzela bonke abantu ngaphandle kokubheka ubuqembu bezepolitiki.

- Yingakho-ke namhlanje sesikwazi ukubona abantu bakithi ababencishwe amathuba phambilini sebephumela obala besho ukuthi ngempela siyazigcina izithembiso zethu. Ngempela imisebenzi iyabonakala.

- Phela akuqali ukuthi kube nohulumeni emlandweni weNingizimu Afrika neKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu bakithi baqala manje ukubona uguquko ezimpilweni zabo olulethwa yizinhlelo zikahulumeni wethu wentando yeningi.

- Namhlanje futhi siqhubeka nokusabalalisa uhlelo lokuqeda imfuyo ewuvanzi emgwaqeni, esithi i-Road Monitor Programme. Luphinda lubhekane nezinselelo zokuntuleka kwemisebenzi nokulwa nobubha.

- Lolu hlelo luzonika amathuba emisebenzi kwabesifazane abangu-50% nentsha engu-50%. Lapha kunikwa abantu bendawo amabhayisekili nezimpahla zokuphepha bese behambahamba ibanga elithile lomgwaqo basuse noma iyiphi imfuyo ewuvanzi emgwaqeni.

- Kuyiqiniso ukuthi ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo akubanga ukuqeda ukungalingani kwaphambilini kuphela kodwa kudingeke ukuthi sibhekane nezinselelo ezintsha njengobugebengu, ingculazi, ububha, ukuntuleka kwemisebenzi nokunye. Yingakho sabe sesizibekela umgomo wempilo engcono kubantu bonke.

- Mangigcine ngokuninxusa ukuthi niziphathe kahle ngalesi khathi esibheke okhethweni ngikhumbule ukuthi, impilo engcono kumele isekeleke ngaphansi kwezimo ezithile okuwuxolo, intando yeningi nentuthuko.

**Ngiyabonga.**